



Our stories, our heritage!

Every family has stories to tell! Some of these stories might be ones that were told to you as a child.

The stories of our families are as unique as the people in our family! These stories are part of each family's history and they help children understand where they come from and who they are.

TYPES OF FAMILY STORIES

There are many different kinds of stories in each family.

- ★ Some stories are about imaginary or mythical characters and are passed down from generation to generation.
- ★ Family stories are sometimes about trickery or bravery.
- ★ Many family stories teach about different values, like forgiveness and honesty.
- ★ Families share stories about the everyday experiences of family members – now and in the past. These are the stories we tell when our children say, "Mom, tell me a story about when you were little." Or it's the stories we tell at supper time about what happened to us as we were trying to reach something on the top shelf at the supermarket this morning. When we share stories about our everyday lives, we build connections with our children – we allow them to know more about us.
- ★ Some family stories are about real or imaginary people outside the family. These stories help children to connect with the wider world.

Izindaba zethu, igugu lethu!

Umndeni ngamunye unezindaba ongazixoxa! Ezinye zalezi zindaba zingase zibe yilezo owawuzixoxelwa useyingane.

Izindaba zemindenini yethu zehlukile njengabantu emndenini wethu! Lezi zindaba ziyingxenywe yomlando womndeni ngamunye futhi zisiza izingane ukuthi ziqondise ukuthi ziphumaphi nokuthi zingobani.

IZINHLOBO ZEZINDABA ZOMNDENI

Kunezinhlobo eziningi ezahlukene zezindaba emndenini ngamunye.

- ★ Ezinye izindaba zimayelana nabalingiswa abasuselwe ekhanda noma abayisimangalisayo futhi zidluliswa zisuka esizukulwaneni kuya kwesinye.
- ★ Izindaba zomndenini ngesinye isikhathi zimayelana nobuqili noma ubuqhawe.
- ★ Izindaba zemindenini eziningi zifundisa ngamagugu ahlukene, njengokuxolela kanye nokwethembeka.
- ★ Imindenini yabelana ngezindaba ezimayelana nempilo yansuku zonke yamalungu omndenini – manje kanye nasemandulo. Lezi yizindaba esizixoxayo lapho izingane zethu zithi, "Mama, ngicela ungixoxele indaba emayelana nesikhathi usemncane." Noma yizindaba esizixoxa ngesikhathi sesidlo sakusihlwa ngokwenzeke kithi sizama ukufinyelela kokuthile eshalofini eliphezulu esuphamakethe namuhla ekuseni. Ngenkathi sabelana ngezindaba ngempilo yethu yansuku zonke, sakha ukuxhumana nezingane zethu – sizivumela ukuthi zazi kabanzi ngathi.
- ★ Ezinye izindaba zemindenini zimayelana nabantu bangempela noma abacatshangiwe nje abangaphandle komndenini. Lezi zindaba zisiza izingane ukuthi zixhumane nomhlaba obanzana.



We will be taking a break until the week of 4 October 2019. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zizi-4 kuMfumfu kowezi-2019. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!



Benefits of telling our stories

Listening to our stories helps children learn and develop.

1. The stories we tell, help them understand how stories work. For example, they learn that stories have a beginning, a middle and an end. They also learn that the events in a story help it build up to a climax, which is the most exciting part of the story. When children know how stories work, it helps them when they are reading stories in books and writing their own stories!
2. As we talk about what happened to us today or long ago, we often include how we felt at the time, for example, "It was really, really dark and I was so scared, but I kept walking towards the bathroom because I wanted to find out what the noise was." When we talk about how we felt in a situation, we give our children the language to talk about their own feelings. Being able to express how you feel, is something that helps children to feel confident about themselves.



Imihlomulo yokuxoxa izindaba zethu

Ukulalela izindaba zethu kusiza izingane ukuthi zifunde futhi zithuthuke.

1. Izindaba esizixoxayo, zisiza ukuqondisa ukuthi izindaba zisebenza kanjani. Ukwenza isibonelo, zifunda ukuthi izindaba zinesingeniso, umzimba kanye nesiphetho. Ziphinda zifunde ukuthi izigameko endabeni ziyisiza ukuthi ikhule iye kuvuthondaba, okuyingxenywe ethokozisayo kakhulu yendaba. Lapho izingane zazi ukuthi izindaba zisebenza kanjani, lokho kuyazisiza ngesikhathi zifunda izindaba ezincwadini nalapho zibhala izindaba zazo!
2. Ngenkathi sikhuluma ngokuthi kwenzekeni kithi namuhla noma kudala, sivamise ukuhlanganisa nokuthi sasizizwa kanjani ngaleso sikhathi, ukwenza isibonelo, "Kwakumnyama ngempela, ngempela futhi ngangesaba kakhulu, kodwa ngaqhubeka ngihamba ngiya endlini yokugezela ngoba ngangifuna ukuthola ukuthi kwakungumsindo muni." Uma sikhuluma ngokuthi sasizizwa kanjani esimeni esithile, sinikeza izingane zethu ulimi ukuthi zikhulume ngemizwa yazo. Ukukwazi ukusho indlela ozizwa ngayo, yinto esiza izingane zizizwe zizethemba uqobo lwazo.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

The Na'ibali bookshelf



Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali





It's always fun to find out about new books! Here are a few of the latest books for children aged 8 and up, published by South African publishers.

Kuyathokozisa njalo ukuthola okuthile mayelana nezincwadi ezintsha! Nazi ezinye izincwadi zakamuva zezingane ezineminyaka eyisi-8 kuya phezulu, ezishicilelwe ngabashicileli baseNingizimu Afrika.

Born a Crime

Author: Trevor Noah
Publisher: Pan Macmillan

Trevor Noah is a much-loved comedian who is known all over the world. Currently he is the host of *The Daily Show* on American television. In *Born a Crime*, he shares what his life was like growing up. The stories he tells in this book will make you laugh, cry and fill you with wonder and inspiration as you learn how this mischievous young boy used his quick wits and humour to get through his day-to-day life. Against all odds and with his mother's unfailing love and belief in him, Trevor overcame many obstacles to create a promising future for himself.



PAN MACMILLAN

Born a Crime



Umbhali: Trevor Noah
Abashicileli: Pan Macmillan

UTrevor Noah wusomahlanya othandwa kakhulu nowaziwa kakhulu emhlabeni wonke. Njengamanje ungumphathi wohlelo oluthi *The Daily Show* esiteshini sikamabonakude saseMelika. Encwadini ethi *Born a Crime*, wabelana ngokuthi impilo yakhe yayinjani ngesikhathi ekhula. Izindaba azixoxayo kule ncwadi zizokuhlekisa, zikukhalise futhi zikulethele ukumangala nokukhuthazeka ngesikhathi ufunda ukuthi lo mfana omncane owayengezwa wayekusebenzisa kanjani ukuhlakanipha okusheshayo noteku ukuchusha ezincunjini zempilo yakhe yansuku zonke. Ebhekene nazo zonke izithiyi futhi egabe ngothando lukanina olungapheliyo nowayekhohlelwa kuye, uTrevor wanqoba izinselelo eziningi ukuze azakhele ikusasa lakhe elinenhlansi yethemba.

What's up! Thoko

Author and illustrator: Niki Daly
Publisher: Jacana Media

The delightful local heroine, Thoko, is back in the third book in the *Thoko* series. This book has four easy-to-read stories: "Thoko's special soup", "Thoko's scary night", "Thoko's snail garden" and "Thoko's holiday". Like all the books in the series, *What's up! Thoko* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu.



Kwenzenjani! Thoko


Umbhali nomdwebi wemifanekiso: Niki Daly
Abashicileli: Jacana Media

Iqhawekazi elimangalisayo, uThoko, ubuyile encwadini yesithathu ochungechungeni oluthi, *Thoko*. Le ncwadi inezindaba ezine ezifundeka kalula: "Umhluzi kaThoko okhethekile", "Ubukhu bukaThoko obesabisayo", "Ingadi kaThoko yeminenke" nethi "Iholide likaThoko". Njengazo zonke izincwadi ezisochungechungeni, lena ethi, *Kwenzenjani! Thoko* itholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa kanye nesiZulu.

Halala Winner!

Authors: Xolisa Guzula, Dorothy Dyer, Rosamund Haden
Illustrator: Brandon Reynolds
Publisher: Cover2Cover Books

Sibulele is new at Jabulani Junior School. There he meets the Cool Girls and Funky Boys who call him a "loser". Luckily he has friends who stick up for him: Anele, a classmate, and Mr Dube who sells fruit at the taxi rank. And when his class goes on a school outing, and danger threatens, Sibulele learns that winning can happen in all sorts of ways. *Halala Winner!* is available in three different language combinations: English and isiXhosa, English and isiZulu, and English and Sesotho. The comic book style and easy-to-read text make it a fun and engaging read.



Halala Winner!

Ababhali: Xolisa Guzula, Dorothy Dyer, Rosamund Haden
Umdwebi wemifanekiso: Brandon Reynolds
Abashicileli: Cover2Cover Books

USibulele musha esikoleni samabanga aphansi eJabulani. Laphaya uhlangana nama-Cool Girls kanye nama-Funky Boys ambiza "ngesahluleki". Ngenhlanhla unabangani abanamathela kuye: u-Anele, abafunda naye ekilasini, noMnu Dube othengisa izithelo erenke yamatekisi. Uma ikilasi lizikhiphila liyofunda, kunengozi emnyonyobelayo, uSibulele ufunda ukuthi ukuphumelela kungenzeka ngezindlela ezinhlobonhlobo. Indaba ethi *Halala Winner!* iyatholakala ngezinhlanganisela-lulimi ezintathu: isiNgisi nesiXhosa, isiNgisi nesiZulu, kanye nesiNgisi nesiSuthu. Isitayela sezincwadi zamahlanya kanye neziqephu ezifundeka kalula, ziyenza ibe yincwadi ehlekisayo nehehayo.

Night of the Red Moon

Author: Bontle Senne
Publisher: Cover2Cover Books

In Book 1 of the *Shadow Chasers* series, Nom and Zithembe become friends and their lives are changed forever as they go on an African fantasy adventure. In *Night of the Red Moon*, an army of monsters is intent on destroying this world and Nom and Zithembe are trying to stop them. They have discovered that if they defeat the general on the Night of the Red Moon, her army will sleep forever. As the minutes tick by, and the moon turns blood red, the friends are joined by the ancient god, Kaggen. But the general is the fiercest and most dangerous warrior of all. Are their combined forces going to be enough? This fourth novel in the *Shadow Chasers* series, is available in English and isiZulu.



Ubusuku Benyanga Ebomvu

Umbhali: Bontle Senne
Abashicileli: Cover2Cover Books

ENCwadini yoku-1 yochungechunge oluthi, *Abazingeli Bezithunzi*, uNom noZithembe baba ngabangani futhi mpilo yabo iyaguquka unomphela ngenkathi behamba uhambo lwase-Afrika lweso lengqondo. Encwadini *Ubukhu Benyanga Ebomvu*, iqulu lezinunu lihlose ukubhubhisa umhlaba kanti uNom noZithembe bazama ukuzivimba. Bathola kuthi uma bengahlula ujikelele ngoBusuku Benyanga Ebomvu, impi yakhe izolala ingunaphakade. Ngenkathi imizuzu yedlula, benyanga iguquka iba bomvu tebh, abangani baficwa yisithixo sasemandulo, uKaggen. Kodwa-ke ujikelele unesibidi esesabekayo futhi uyiqhawe eliyingozi kunawo wonke. Ngabe amabutho abo ahlanganisiwe azokwenela? Le noveli yesine ochungechungeni oluthi, *Abazingeli Bezithunzi*, itholakala ngesiNgisi nesiZulu.



Kwezi: Collector's Edition 4

Authors and illustrators: Loyiso Mkize, Clyde Beech, Mohale Mashigo

Publisher: David Philip Publishers

Kwezi follows the adventures of a young superhero from Gold City. In the fourth collector's edition of this South African comic, Mpisi has been working very hard on an anti-hero campaign. Our team of heroes has been saving lives and helping Mamadou find his family. There's a show-down in a desert and Mohao finally sees the prophecy of his people come true.



dp davidphilip
Trading as New Africa Books

Kwezi: Collector's Edition 4

Ababhali nabadwebi bemifanekiso: Loyiso Mkize, Clyde Beech, Mohale Mashigo

Abashicileli: David Philip Publishers

UKwezi ulandela izindaba ezethusayo zeqhawe elikhulu eliphuma eDolobheni Legolide. Kushicilelo lwesine lwengqokelela yezindaba ezihlekisayo zaseNingizimu Afrika, uMpisi ubesebenza ngokuzikhandla emkhankasweni ophikisana neqhawe. Ithimba lethu lamaqhawe belilokhu lisindisa impilo futshi lisiza uMamadou ukuthi athole umndeni wakhe. Kanti ziyabambana ogwadule ekugcineni uMohao ubona isiphrofetho sabantu bakubo sigcwaliseka.




The Girl Without A Sound

Author: Buhle Ngaba

Illustrator: Thozama Mputa

Publisher: David Philip Publishers

This beautifully-illustrated story is a response to the fairy tales usually told in which princesses have blue eyes and flowing locks of hair. It is about a voiceless girl of colour who goes in search of a sound of her own. It reminds young readers that we all have our own powerful sound which we can use to change our lives and our world. *The Girl Without A Sound* is available in 11 South African languages.



dp davidphilip
Trading as New Africa Books

Intombazane Eyayingenalalo Izwi

Umbhali: Buhle Ngaba

Umdwebi wemifanekiso: Thozama Mputa

Abashicileli: David Philip Publishers

Le ndaba enemifanekiso emihle iyimpendulo ezindabeni eziyizinganekwane ezixoxwayo lapho imvamisa amakhosazana enamehlo aluhlaza nezimwele ezinde ezintantayo. Imayelana nentombazane yebala engenazwi nehamba icinga umsindo ongowayo. Ikhumbeza abafundayo abasebancane ukuthi sonke sinomsindo onamandla ongowethu nje, esingawusebenzisa ukuguqula impilo kanye nomhlaba kwethu. *Intombazane Eyayingenalalo Izwi* iyatholakala ngezilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.

Collect the Nal'ibali characters



Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Afrika

Age: 7

Sister: Dintle


Cousins: Neo and Mbali

Favourite snack: watermelon

Favourite places to visit: museums, science centres

Books he likes: "How to" books that give instructions for making interesting things, as well as fact books

Favourite colour: brown



Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

Mayelana no-Afrika

Iminyaka yobudala: 7

Udadewabo: uDintle

Abazala: uNeo noMbali

Okokuthiba indlala akuthandayo: ikhabe

Izindawo athanda ukuzivakashela: amamnyuziyemu, izizinda zesayensi

Izincwadi azithandayo: Izincwadi "zendlela yokwenza" ezinikeza imiyalelo yokwenza izinto ezithokozisayo, kanjalo nezincwadi zamaqiniso

Umbala awuthandayo: onsundu

Here's an idea ...

- ✂ Cut out and colour in the picture of Afrika and paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.
 - 🌀 Draw a thought bubble and then draw a picture inside it to show how Afrika is thinking of using the object he is making.
 - 🌀 Draw something on the end of the hook that will turn this into a funny picture!
- ✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nawu umbono ...

- ✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala isithombe sika-Afrika bese usinamathisela esiqeshini esikhulu sephepha. Emva kwalokho yenza okukodwa noma ngaphezulu kwalezi zinto ezilandelayo.
 - 🌀 Dweba ibhamuza lomcabango bese udweba isithombe phakathi kwalo ukukhombisa ukuthi u-Afrika ucabanga kanjani ngokusebenzisa into ayenzayo.
 - 🌀 Dweba into ethile ekugcineni kwehuku ezoguqula lokhu kube yisithombe esihlekisayo!
- ✂ Gcina isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usubaqoqe bonke abalingiswa bakaNal'ibali, ubasebenzise ukuzakhela iphosta yakho yakwaNal'ibali!



Celebrate our heritage!

September is Heritage Month in South Africa and we celebrate Heritage Day on 24 September. Here are ideas for some fun activities to grow children's creativity and encourage them to have fun with reading and writing whilst they explore the concept of "heritage". Remember to choose the activities that are best suited to the children's ages and interests. The activities can be done with the children at your reading club, in your class or at your library as well as with your own children at home!

- ★ **Share a story.** Ask the children to draw a picture of their favourite story and to then tell you about the story and why they like it so much. Don't forget to join in with the children as they do this activity – for you to be a good reading and writing role model, the children need to know that you enjoy reading too!
- ★ **Draw a group picture.** Spend some time talking to the children about special times they have enjoyed with their families. Then divide the children into groups. On a large sheet of paper, let each group create a picture together that captures some of the experiences they shared. Encourage them to take turns doing small drawings of things that remind each of them of these special times. Let them keep doing this until the sheet of paper is full!
- ★ **Write an autobiography.** Give the children blank paper and a choice of writing and drawing materials. Ask them to create books about their own family's story. Enjoy reading the finished books together!
- ★ **Celebrate our natural heritage.** Create your own "nature" stories. Divide the children into groups of three or four. Give each group a large sheet of paper and crayons. Ask them to draw a picture that includes three or four things that you find in nature. Ask the groups to swap pictures and to talk about the picture they received. Then let them use it to tell a story. (Older children can write down the story, if they want to.) Display the pictures (and stories) for everyone to enjoy!



Bungazani amagugu ethu!

UMandulo yiNyanga Yamagugu eNingizimu Afrika kanti sigubha uSuku Lwamagugu mhla zingama-24 kuMandulo. Nawa amacebo emisebenzi emnandi yokukhulisa ukusungula kwezingane nokuzikhuthaza ukuthi zithokoze ngokufunda nokubhala ngenkathi zihlola igama-mqondo "igugu". Khumbula ukukhetha imisebenzi ehambisana kakhulu neminyaka yezingane kanye nalokho ezikuthandayo. Imisebenzi ingenziwa nezingane ethimbeni lakho lokufunda, ekilasini lakho noma emtatsheni wakho wezincwadi nanezingane zakho uqobo ekhaya!

- ★ **Yabelana ngendaba.** Cela izingane ukuthi zidwebe isithombe sendaba eziyikhonzile bese zikutshela mayelana nendaba nokuthi kungani ziyithanda kakhulu kangaka. Ungakhohlwa ukuhlanganyela nezingane ngesikhathi zenza lo msebenzi – ukuze wena ube yisibonelo esihle sofundayo nobhalayo, izingane zidinga ukwazi ukuthi nawe uyakuthokozela ukufunda!
- ★ **Dweba isithombe seqembu.** Chitha isikhathi esithile uxoxa nezingane ngezikhathi ezikhethekile ezizithokozele nemindeneni yazo. Emva kwalokho yehlukanisa izingane zibe ngamaqembu. Esiqeshini esikhulu sephepha, iqembu ngalinye malakhe isithombe ngokuhlanganyela esikhombisa ulwazi oluthile elabelane ngalo. Zikhuthaze ukuthi zishintshane zenza imidwebho emincane yezinto ezikhumbuza enye nenye yazo ngalezi zikhathi ezikhethekile. Maziqhubeke zenze lokhu kuze kube isiqephu sephepha sesigcwele!
- ★ **Bhala incwadi yempilo yakhe umuntu.** Nikeza izingane iphepha elingenalutho kanye nezinto zokubhala nokudweba ezingakhetha kuzo. Zicele zakhe izincwadi ngendaba yemindeneni yazo uqobo. Thokozelani ukufunda izincwadi eziqediwe nindawonye!
- ★ **Gubhani amagugu ethu emvelo.** Zisungulele ezakho izindaba "zemvelo". Yehlukanisa izingane zibe ngamaqembu anezingane ezintathu noma ezine lilinye. Nikeza iqembu ngalinye isiqephu esikhulu sephepha namakhrayoni. Zicele zidwebe isithombe esihlanganisa izinto ezintathu kwezine kozithola emvelweni. Cela amaqembu ukuthi ashintshiselane ngezithombe bese exoxa ngezithombe azitholile. Emva kwalokho mawasisebenzise ukuxoxa indaba. (Izingane ezindadlana zingabhala phansi indaba, uma zifuna.) Bukisa ngezithombe (nezindaba) ukuze wonke umuntu azithokozele!



WIN!
WINA!




For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Baby's first family photo* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Isithombe sengane sokuqala somndeneni* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

8

The little shepherd's heart leapt with joy to see this. He couldn't wait to go home. He couldn't wait to see his father's face when he saw the new calf.


What would his father say?

Soyiso's father was much surprised to see the calf and, when the boy told him how it had just appeared amongst the herd, he said sooner or later the owner was sure to come looking for it. "For it is truly a beautiful creature... very unusual."

Soyiso's family kept the multi-coloured calf for many, many months. His father said it was too young to go to the veld. Every day, Soyiso gathered sweet young grass for the calf and it grew even more beautiful and fat, its coat glossier and glossier. It was the talk of the village and Soyiso's family was very proud of the calf which they called Buhle, which means beauty.

Buhle continued to grow, until the day came when Soyiso's father said he could go to the veld with the other cattle. And so Soyiso took Buhle to the veld. But, of course, Soyiso first had to sing before Buhle would budge. That calf didn't do anything if one did not sing the request!

The whole morning, the cattle grazed and Soyiso played with his clay cattle, reshaping them and racing them. Around midday, a long shadow fell on the boy and his clay cattle. And a voice boomed, "Aha! Here is my calf!"




9

Umalusi omncane wakuthokozela kakhulu lokhu. Wayejabehle ukuyofika ekhaya. Wayelangazelela ukubona ubuso bukababa wakhe uma elibona leli nkonyane elisha. UBaba kaSoyiso wamangala kakhulu ukubona leli nkonyane, kakhulukazi uma ezwa ukuthi liyele laziqhamukela nje phakathi kwezinye izinkomo. Kodwa wathi kumele balindele ukuthi usazovela umninilo ezolifuna. "Ngempela lesi isilwane esihle... ngokungajwayelekile."

Umdeni kaSoyiso walligcina inkonyane lelo elimibalabala izinyanga eziningi. Uba kaSoyiso wathi hselincane kabi ukuthi lingaphindela emadlweni. Nsuku zonke ekuseni uSoyiso wayekha utshani obuthambile nobunambithekayo abuphe inkonyane. Lakhula futhi nobuhle balo babumanangalisa nangendlela isikhumba salo esasicwebezela ngayo. Lalingundabuzekwayo bonke bekhuluma ngalo esigodini sangakubo, nomndeni kaSoyiso wawuzigqaja ngenkonyane abalipha igama elithi uBuhle, okusho bona phela ubuhle balo.

Wakhula njalo ke-uBuhle, kwaze kwafika ilanga lapho ubaba kaSoyiso wathi kungile selingahamba nezinye izinkomo ukuya emadlweni. Nebala-ke uSoyiso wallihola inkonyane uBuhle, kodwa kwamele aliculele ngaphambi kokuthi linyakaze. Phela uBuhle lona wayengasakwazi kwenza lutho ngaphandle kokuthi acelewe kahle ngencoma.


Usuku lonke izinkomo zazidlela utshani ngenkathi uSoyiso yena wayedlala ngezinkomo zakhe zobumba. Ezakha kabusha ezidalisa umajhana. Kuthe emini bebade umfana wabona ithunzi elithize limboza yena nezinkomo zakhe. Kwazwakala izwi elibhodlayo lithi: "Aha, nanti inkonyane lam!"



Buhle, the calf of many colours

UBuhle, inkonyane elimibalabala

Sindiwe Magona
Nicole Blomkamp
Gcina Mhlophe



Soyiso was a lively little boy. Every morning he took his father's cattle to the veld. He loved his father and he loved the cattle he minded for him. One day, while he was watching the cattle, he suddenly noticed a strange calf among his cattle. And what a beautiful calf it was!

This calf looked like no calf Soyiso had ever seen before ...

This is an adapted version of *Buhle, the calf of many colours*, published by New Africa Books and available in bookstores and online from www.newafricabooks.com, www.loot.co.za and www.takealot.com. This story is available in eleven official South African languages.

dp davidphilip
Trading as **New Africa Books**

USoyiso wayengumfanyana ohlala eqebetha ethokozile. Njalo ekuseni wayekhaphela izinkomo zikayise azise emadlweni. Wayemthanda uyise futhi ewukhonzi nomsebenzi wokumalusela izinkomo. Ngelinye ilanga, esazelusele izinkomo, wamangazwa ukubona inkonyane elingajwayelekile phakathi komhlambi wezinkomo zakhe. Lalihle kakhulu! Lalingafani nankonyane uSoyiso ayeke walibona ngaphambilini ...

Lena yindaba eguquliwe ethi *UBuhle, inkonyane elimibalabala*, eshicilelwe ngabakwaNew Africa Books futhi etholakala ezitolo zezincwadi nakuzizindawazi ku-www.newafricabooks.com, ku-www.loot.co.za naku-www.takealot.com. Le ndaba itholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Ngenye inkathi abantu ma benemizwa ejulile bazithola sebecula. Manje uSoyiso wavula inhliziyo yakhe walicula inkonyane, elicela ukuthi lihambe ligoduke nomhlambi wonke:

*"Nkonyane elihle Nkonyane elihle
Woza sihambe Nkonyane elihle
Nkonyane elibuhle bungakaze bubonwe
Asigoduke Nkonyane elihle."*

Uthe esagala nje ukuhlabelela umfana laphakamisa ikhanda lambuka inkonyane ngamhlo ayebonakala sengathi ayayizwa ngempela le ngoma. Engakaligedi iculo lakhe lasukuma lalandela izinkomo zomhlambi wakhe. Zonke zayibona indlela eya ekhaya.




Soyiso was a lively little boy. Every morning he took his father's cattle to the veld. He loved his father and he loved the cattle he minded for him. His father always praised him because he did his work with much care.

One day, while Soyiso was watching the cattle, he suddenly looked up from the clay cattle he was playing with and noticed a strange calf. Just to make sure he wasn't making a mistake, Soyiso quickly counted the herd of cattle. Indeed, the number did not tally; there was one more than he had brought to the veld earlier that day.

Soyiso's mouth went bone dry. When the man said he was taking his calf home, Soyiso had no words to say. Sadly, he remembered this beautiful calf was not part of his father's herd. His father had not bought it from someone else. No one had given his father the calf as a gift. How then could he stop the awful man from taking Buhle away?

Dry-mouthed, Soyiso cast his eyes down to stop the tears from running down his cheeks. The gruff-voiced man shouted at the calf, telling it to move.



Amehlo egcwele izinyembezi, uSoyiso wagijima kakhulu egoduka. Wafike wabikela uyise konke okwenzakele. Umndeni wonke wasukuma waqonda khona emadlelweni beyozibonela. Kodwa abaficanga lutho, namadoda ayesephele emehlweni. Izinkomo zona zazimi zakhe indingilizi. Amehlo azo ethe njo endaweni lapho wayefele khona uBuhle.


Inkonyane lelo uBuhle wayengasabonwa ndawo, kwasekumile izimbali ezinhle ngendlela eyisimangaliso kuleyo ndawo. Izimbali zaziyimibalabala eminingi ngendlela engakaze ibonwe! Futhi kwakuyimibala ethi ayifane naleyo kaBuhle ...

"Uyabona ndodana," kusho uyise kaSoyiso, "ayikho into evele ilahleke nje kuphele ngayo. Izinto ziyaphenduka zibe esinye isimo, kodwa ziyohlala zikhona njalo."

Kwabuya injabulo encane nje enhliziyweni kaSoyiso. Leyo njabulo yahlala naye iminyaka eminingi. Wakhula waba mdala waze waba nabazukulu, nabo wabaxoxela ngaleli nkonyane elihle, uBuhle wemibalabala.

Ugogo wanyakanyakaza.

“Ngiyawuthanda umshuqulo wami
onokuphuzi nokumnyama.”



Gogo jiggles.

“I love my yellow and black head wrap.”

UBaba uyagoba.

“Ngiyalithanda ihembe lami eliluhlaza
okwesibhakabhaka.”



Papa bows.

“I love my blue shirt.”



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

Baby's first
family photo

Isithombe sengane
sokuqala somndeni



Megan Andrews
Edem Torkornoo
Nadene Kriel



UMama uyazigoga.

“Ngiyalitlanda ibhayi lami elisawolintshi ngokugqamile.”



Mama twirls.

“I love my bright orange wrapper.”



Whose bright orange wrapper is this?

It is Mama’s.



Ngelikabani leli bhayi elisawolintshi ngokugqamile?

NgelikaMama.



UDadewethu Omdala uyadansa.

“Ngiyalitlanda ilokwe lami elihle elinezimbali, elinombala obomvu noluhlaza okotshani.”



Big Sister dances.

“I love my pretty red and green flowery dress.”



Ngelami!

Ngelikabani leli lokwe elinezimbali,
elinombala oluhlaza okotshani nophuzi?



It is mine!

Whose green and yellow flowery
dress is this?



Ngishaya izandla zami.

“Ngiyalithanda ilokwe lami elinezimbali
elinombala oluhlaza okotshani nophuzi.”



I clap my hands.

“I love my green and yellow flowery dress.”



Whose blue shirt is this?

It is Papa’s.



Ngelikabani leli hembe eliluhlaza
okwesibhakabhaka?

NgelikaBaba.



Ngelikabani leli lokwe elihle elinezimbali,
elinombala obomvu noluhlaza okotshani?
NgelikaDadewethu Omdala.



Whose pretty red and green flowery dress
is this?
It is Big Sister's.



Sesilungile.



We are ready.

Whose yellow and black head wrap is this?


It is Gogo's.




Ngelikabani leli duku elinokuphuzi
nokumnyama?

NgelikaGogo.







Wethuka uSoyiso koma amathe emlonjeni. Kuthle lapho lesi sidlakele sendoda sithi sizoluthatha sigoduke nalo inkonyane laso, uSoyiso waphhelelewa ngamazwi. Ngeshwa elikhulu kwamalele akhumbule ukuthi leli nkonyane elihle kangaka kwakungelona elikayise. Futhi uyise wayengazange elithenge kumuntu thizeni. Futhi wayengazange aliphliwe nokuliphiwa. Manje wayengalithathaphi igunya lokunqabela le ndoda enonya kangaka ukuthi imthathe ihambe naye uBuhle? Umlomo womile, uSoyiso wabhaka phansi ukuhlala izinyembezi ezaziqala ukwehla ezidlathini zakhe. Izwi elihlabayo lendoda lathethisa inkonyane ukuthi alinyakaze bezohamba.



When people feel deeply, they are likely to sing. Now, Soyiso poured his heart out, singing to the calf, asking it please to come home with the rest of the herd: "Beautiful calf! Beautiful calf! Let's go beautiful calf! Let's go beautiful calf! The calf with a beauty never seen before Let's go home beautiful calf!" No sooner did the little shepherd start singing his song than the calf raised its head and looked at him, as though in appreciation of the song. Before he had come to the end of the song, the calf trotted over and joined the rest of the herd. Together the cattle ambled their way home.



Blinded by tears, Soyiso ran home. He told his father all that had happened in the veld. The whole family ran as quickly as they could. But when they got there, the men were nowhere to be seen. The whole herd of cattle stood in a circle. They stood around the spot where Buhle had fallen. But Buhle was not there. In his place, all around, lay the most beautiful flowers ever seen. And they were all the colours of all the cattle ever seen. All those beautiful, beautiful colours! Buhle's colours... "See, son," his father said. "Nothing ever disappears, nothing. Things may change shape or form, but what is, always will be." And a little happiness came back into Soyiso's heart. That happiness stayed with Soyiso for a long, long time. He told his grandchildren the story of Buhle, the calf of many colours.



USoyiso wayengumfana ohlala eqebetha ethokozile. Njalo ekuseni wayekhaphela izinkomo zikayise azise emadlelweni. Wayemthanda kakhulu ubaba wakhe futhi ewukhonzile nomsebenzi wokwelusa izinkomo zakhe. Uyise wayehlala njalo emtusa ngomsebenzi wakhe oncomekayo. Ngolunye usuku, uSoyiso esazelusele kahle, edlala kamnandi ngezinkomo zobumba, waphakamisa amehlo wethuka esebona inkonyane elingajwayelekile phakathi komhlambi wezinkomo zakhe. Ukwenza isiqiniseko sokuthi wayengenzi iphutha, wazibala ngokushesha izinkomo zakhe. Nangempela, inani lalingelona alaziyo, kwakunenkomo eyodwa ngaphezu kwenani ayeze nalo emadlelweni ngalelo langa.


Waphinde wagaphela okunye. Izinkomo zazinokuziphatha okungajwayelekile. Zonke zazisuke zema zagqolozela inkomo eyodwa. Hayi bo, kwakungeyona eyomhlambi wakhe. USoyiso washeshe wazikhruza. Zazibheke leli nkonyane elisha. Impela kwakungesibo ubuhle lobu!

Lalingafani nalo naliphi na inkonyane uSoyiso ayeke walibona ngaphambili. Futhi lalinomzimba omuhle. Isikhumba salo sasihlanzekile futhi sicwebezela. Amehlo alo ayethandeka futhi engathi aphupha kude. Ayembuka njo emehlweni. Kwakungathi ayazibuza ukuthi yena ungubani na.

Sonke lesi khathi ezinye izinkomo lezi zaziqhubeka nokubuka leli nkonyane, sengathi ziyalikhonza impela.

USoyiso wakhetha ukuliyeka inkonyane. Walibukela lidla utshani obumnandi obuthambile. Usuku lonke wayelokhu ezibuza ukuthi ingabe elikabani leli nkonyane na, futhi lalibekwa yini kule ndawo.

Kuthe lapho ilanga seliyoshona, umalusi wabesazi ukuthi isikhathi sokugodusa izinkomo. Waziqoga zonke izinkomo amemeza, wayidusha, wayidonsa kodwa kwahlalanga zimuka zakhe, kodwa lena entsha inkomo yanqaba ngisho ukunyakaza. Wamemeza, wayidusha, wayidonsa kodwa kwahlalanga zimuka zasenle ezizingela ebusuku zingazenzela kulona.



But Buhle would not budge. The man pushed and pushed and pushed. He pushed with all his might. But Buhle would not budge. It was as though he were glued to the spot.

The man thought of trying a different approach. Now, he pulled. He pulled and pulled and pulled. Pulled with all the strength he had. But still the calf would not move. It would not move a step, and all the while the sad-faced little shepherd watched. He watched knowing full well Buhle would not move until the man sang to him. In a fury, the man shouted in a loud voice. Suddenly, out of the nearby bushes sprang a small group of men. Together, they pushed and pulled and pulled and pushed. But even the group of men could not move Buhle at all. They could not move him one little jot.

Now the men took the sticks they carried and beat the calf. Soyiso shed tears of rage and sadness. But what could he do against the men? The cruel men beat the calf. But the calf did not utter a sound. Even while they were beating it and beating it and beating it, the calf stood still and silent.

The other cattle made a terrible, mournful sound. As they watched the ignorant, unfeeling men beat Buhle, the cattle gave a melancholy bellow – long, low and bitterly sad. Tremors rippled their coats and their heads hung low. Not one cow or bull grazed or chewed the cud. Not a calf drank from its mother. The cattle just stood in a mournful huddle.

At long last, Buhle gave a terrible bellow and suddenly crumpled down and lay there, motionless.

Then he noticed something else. The cattle were behaving in a strange manner. They were all standing still and looking at one of the herd. No, not one of the herd, Soyiso quickly corrected himself. The cattle were staring at the newcomer, a calf. And what a beautiful calf it was!


This calf looked like no calf Soyiso had ever seen before. It had all the colours of all the cattle his eyes had ever seen. And how beautifully built it was. Its coat was as shiny as if it had just been washed and polished. Its eyes were the most sombre, dreamy brown eyes any calf could wish for. And it was staring right at him. Staring at him as though wondering who he was.

Meanwhile the other cattle looked on this newcomer as though in awe, as though they worshipped it.

Soyiso let the calf be. He let it stay with the herd and nibble at the young new green grass all around the veld. And that whole day he kept wondering whose calf this was and what had brought it there.

As the sun went down, the little shepherd knew it was time to take the cattle home. He rounded up the herd, but the new arrival would not move. He shouted and pushed and pulled – but it was as though the calf was welded to the spot.

Because he was a kind-hearted little boy, Soyiso could not think of leaving the little calf there all by itself all night long. He was worried about what the animals of the night would do to it if he were to leave it on its own.



Kodwa uBuhle akazange anyakaze ngisho ukunyakaza lokhu. Indoda yamdonsa, yamdusha yaze yamkhahlela. Kodwa uBuhle wenqaba ukunyakaza. Kwaba sengathi usemile izimpande kuleyo ndayo.

Manje indoda leyo yazama elinye isu. Yalibamba ngomsila yadonsa, yadonsa, yadonsa! Impela yadonsa ngawo onke amandla ayo, kodwa lutho ukunyakaza inkonyane.

Sonke lesi sikhathi umfanyana owelusayo wayebukele edangele. Wayazi kahle kamhlophe ukuthi inkonyane lalingayi ndawo indoda leyo ingaliculelanga.

Ngokuthukuthela, indoda yamemeza ngezwi elikhulu. Ngokushesha, kwavumbuka amanye amadoda ephuma ehlathini elincane. Nawo alekelela ukududula edonsa uBuhle inkonyane. Kodwa nalokho kwaba nhlanga zimuka nomoya, inkonyane alinyakazanga nakancane.

Amadoda athatha izinduku alibhonya ngazo, elishayela ukuthi lize lisukume. USoyiso wakhala izinyembezi zosizi nentukuthelo. Kepha wayengenzani kula madoda na? Aqhubeka alishaya inkonyane la madoda. Alizange likhale noma libange ngisho omncane umsindo. Lathula nje lababuka sengathi akwenzeki lutho.

Ezinye izinkomo zaqala zakhala, zabhonga kalusizana. Sonke lesi sikhathi zibukele lesisi manga samadoda anesihluku kangaka, zazisho ngomsindo osholo phansi – okomuntu ofelweyo. Izikhumba zazo zazinyakaza zidikizela, amakhanda azo elengela phansi.

Kwakungekho neyodwa inkomo eyayidla utshani noma yetshise. Kwakungekho nankonyane elincela kunina. Umhlambi wonke wawuzimele nje ubukele.

Ngesikade, uBuhle wakhala kakhulu wasuka waquleka, wafa.

Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Buhle, the calf of many colours* (pages 5, 6, 11 and 12), *Baby's first family photo* (pages 7 to 10) and *The owl and the chameleon* (page 14).



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *UBuhle, inkonyane elimibalabala* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Isithombe sengane sokuqala somndeni* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *Isikhova nonwabu* (ikhasi le-15).

Buhle, the calf of many colours


Can you find the words in the story that fit with the picture below? Once you've found them do the following.

1. Cut out this picture and paste it in the middle of a large sheet of paper.
2. Write the words from the story that go with it under the picture. You may also want to add some speech bubbles to the picture.
3. Draw two boxes the same size as this picture – one to the left of the picture and one to the right of it.
4. In the empty boxes, draw pictures to show what happened in the story just before this picture and just after it. Then copy the words from the story under your pictures.

UBuhle, inkonyane elimibalabala

Ungakwazi ukuthola amagama endabeni ahambisana nesithombe esingezansi? Uma usuwatholile yenza okulandelayo.

1. Sika ukhiphe isithombe bese usinamathelisa phakathi nendawo ekhasini elikhulu.
2. Bhala amagama asendabeni ahambisana naso ngaphansi kwesithombe. Kungenzeka futhi ukuthi ufune ukufaka amabhamuza enkulumo esithombeni.
3. Dweba amabhokisi amabili awubukhulu obufanayo nalesi sithombe – elilodwa kwesokunxele sesithombe kanye neline kwesokudla saso.
4. Emabhokisini angenalutho, dweba izithombe ezizokhombisa ukuthi kwenzekeni endabeni ngaphambi kwalesi sithombe kanye nangemva nje kwaso. Bese ukopisha amagama avela endabeni uwabhale ngaphansi lwezithombe zakho.



Baby's first family photo

Draw or paint a picture of your family, then write something about your family to go with your picture. (If you need help with writing, ask someone older than you to write down the words you tell them. Then let them read the words back to you so you can check that this is what you wanted to say about your family.)



Isithombe sengane sokuqala somndeni

Dweba noma upende isithombe somndeni wakho, bese ubhala okuthile mayelana nomndeni wakho okuzohamba nesithombe sakho. (Uma udinga usizo ngokubhala, cela othile omdadlana kunawe ukuthi abhale amagama omtshela wona. Emva kwalokho makawafunde amagama akubhalele wona ukuze uhlale ukuthi yikho yini lokhu obufuna ukukusho ngomndeni wakho.)



The owl and the chameleon

- ★ Use clay or playdough to create the characters from the story. Then retell the story in your own way using the characters you've made.
- ★ Write a play using the text from the story – then perform it with family and/or friends!



Isikhova nonwabu

- ★ Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukwakha abalingiswa abaphuma endabeni. Emva kwalokho xoxa kabusha indaba ngendlela yakho usebenzisa abalingiswa obakhile.
- ★ Bhala umdlalo usebenzisa isiqephu esiphuma endabeni – emva kwalokho niwulingise nomndeni kanye/noma nabangani!






The owl and the chameleon

By Shasha Seakamela ■ Illustrations by Heidel Dedekind



Once, a wise owl decided to travel all over the world. He travelled to many countries and eventually he landed in a part of South Africa called Limpopo. Here the owl became lonely because he had no friends. So, he decided to travel across Limpopo to find friends and learn all about this new place.

On his way, the owl met a dung beetle. "Hello, dung beetle," he said. "I'm a wise owl. I have been travelling around the world learning about different places. I came here to learn about Limpopo. Would you be my friend and tell me about yourself and about Limpopo?"



"I'm a beetle and I feed on animal dung, so that's why I am called a dung beetle," explained the beetle. "This dung ball that I have rolled will be used as a nest for my eggs. Later it will be used to feed my children. I spend my days looking for dung. I don't travel very far, so I can't tell you much about Limpopo. Maybe you should ask the weaverbird to help you."

The owl thanked the beetle and said goodbye. Then he flew around until he saw a weaverbird.

"Hello, weaverbird. Would you be my friend and tell me about yourself and about Limpopo?" asked the owl.

"I am very creative when I build my nest. It is complicated and needs a lot of work. I do the same things all year round, so every season is the same for me. I go out and collect lots of reeds and grass to weave my nest. I can't really tell you more than that. The honey badger might be able to tell you more about Limpopo," said the weaverbird.



The owl thanked the weaverbird and said goodbye. Then he continued on his way until he came across a honey badger.

"Hello, honey badger. Would you be my friend and tell me about yourself and about Limpopo?" asked the owl.



"They call me honey badger because I love honey, but I also eat other things. I might be a small mammal, but I am fearless and strong. I am always on the lookout for honey. I love eating bee larvae, so you can always find me raiding African honeybee nests. If you stay longer, I could take you with me on my next honey hunt. There's not much else I can tell you. If you need to know more, why don't you go and ask the clever chameleon over there? He knows a lot," said the honey badger.

The owl thanked the honey badger and said goodbye. Then he went in search of the chameleon. The owl was just starting to feel sad about not finding a friend who could help him, when he spotted the chameleon.

"Hello, chameleon. I'm a wise owl. I have been travelling around the world learning about different places. I came here to learn about Limpopo. Would you be my friend and tell me about yourself and about Limpopo?" asked the owl.

"Well, I'm a chameleon. My skin is special because it can change colour. I can catch flies with my long, sticky tongue.

"Here, in Limpopo, rains come in the summer and then the plants change their colour and become green. I change colour too – to green like the leaves! In autumn the leaves change colour to yellow and brown. Then, my skin changes to look like the different coloured autumn leaves," explained the chameleon.

The owl had never met an animal whose skin could change colour! He listened carefully as the chameleon continued.

"The winters in Limpopo are dry and so the forests look grey. Can you guess what colour I change to in winter? Yes, that's right – to a greyish colour to look just like the forest! In spring, the plants have flowers of all different colours. My skin can change to match all those colours," said the chameleon. "I have all the time in the world, and I can be your friend. I do not travel very far so you will always be able to find me easily."

The owl was so relieved to find a friend who could help him learn about Limpopo. From that day, the owl and the chameleon became best friends, and the owl often visited the chameleon.





Isikhova nonwabu

Ikhona
lezindaba



NguShasha Seakamela ■ **Imidwebo nguHeidel Dedekind** ■ **Ihunyushwe nguMalungi Mbhele**

Ngelinye ilanga isikhova esihlakaniphile sanquma ukuhamba sijikeleze umhlaba wonke. Saya emazweni amaningi kwathi ekugcineni safika engxenyeni yaseNingizimu Afrika ebizwa ngokuthi kuseLimpopo. Lapha isikhova saba nesizungu ngoba sasingenabo abangani. Ngakho, sanquma ukunqamula iLimpopo yonke sihambe sifuna abangani nokufunda konke ngale ndawo entsha.

Endleleni yaso, isikhova sahlalanga nenkubabulongwe. "Sawubona, nkubabulongwe," kusho sona. "Ngiyisikhova esihlakaniphile. Selokhu ngihamba emhlabeni jikelele ngifunda ngezindawo ezahlukeni. Ngifike lapha ukuze ngifunde ngeLimpopo. Ungaba umngani wami ungixoxele ngawe nangeLimpopo?"



"Ngiyinkubabulongwe mina, ngidla ubulongwe bezilwane, yingakho ngibizwa ngokuthi ngiyinkubabulongwe nje," kuchaza inkubabulongwe. "Leli bhola lobulongwe engilenzile lizosetshenziswa njengesidleke samaqanda ami. Kamuva lizosetshenziselwa ukupha izingane zami ukudla. Ngichitha izinsuku zami ngifuna ubulongwe. Angihambi ngiye kude kakhulu, ngakho angikwazi ukukutshela okuningi ngeLimpopo. Mhlawumbe kufanele ucele ihloko hloko likusize."

Isikhova sabonga inkubabulongwe sase sivalelisa. Sabe sesindiza sizungenza saze sabona ihloko hloko.

"Sawubona, hloko hloko. Ungaba umngani wami futhi ungitshele ngawe nangeLimpopo?" kubuza isikhova.

"Ngiyiciko kakhulu lokwenza umsebenzi wokwakha isidleke. Kungumsebenzi oyinkimbinkimbi futhi odinga ukusebenza ngokuzikhandla. Ngenza izinto ezifanayo unyaka wonke, ngakho-ke zonke izikhathi zonyaka ziyafana nje kimina. Ngiyahamba ngiqoqe umhlanga omningi notshani ukuze ngithunge isidleke sami. Angikwazi ukukutshela okungaphezu kwalokho. Insele izokwazi ukukutshela kabanzi ngeLimpopo," kusho ihloko hloko.

Isikhova salibonga ihloko hloko sase sivalelisa. Sabe sesiqhubeka nendlela yaso saze sanqwamana nensele.

"Sawubona, nsele. Ungaba umngani wami ungitshele ngawe nangeLimpopo?" kubuza isikhova.



"Bangibiza ngokuthi ngiyinsele ngoba ngiyaluthanda uju, kepha ngiyazidla nezinye izinto. Ngingaba yisilwane esincane esinakekela izingane zaso, kodwa nginesibindi futhi nginamandla. Ngihlale ngithungatha uju. Ngiyathanda ukudla imibungu yezinyosi, ngakho ungangithola njalo ngihlasela izidleke zezinyosi e-Afrika. Uma uzohlala isikhathi esijana, ngingahamba nawe lapho ngiyozingela izidleke zezinyosi ngokulandelayo. Akukho okuningi engingakutshela khona. Uma udinga ukwazi

okuningi, kungani ungahambi ubuze unwabu oluhlakaniphile laphaya? Lwazi okuningi," kusho insele.

Isikhova sabonga insele sase sivalelisa. Sabe sesingena indlela futhi sifuna unwabu. Isikhova sase siqala ukujabha ngokungatholi umngani owayengasisiza, lapho sibona unwabu.

"Sawubona, nwabu. Ngiyisikhova esihlakaniphile. Bengilokhu ngihambahamba emhlabeni jikelele ngifunda izindawo ezahlukeni. Ngize lapha ukuzofunda ngeLimpopo. Ungaba umngani wami ungitshele ngawe nangeLimpopo?" kubuza isikhova.

"Mina-ke, ngiunwabu. Isikhumba sami singesekhethe ngoba singashintsha umbala. Ngiyakwazi ukubamba izimpukane ngolimi lwami olude, olunomfi.

"Lapha, elimpopo, izimvula zifika ehlobo bese izitshalo zishintsha umbala wazo zibe luhlaza. Nami ngiyawushintsha umbala futhi – ngibe luhlaza njengamaqabunga! Ekwindla amaqabunga ashintsha umbala abe ngokuphuzi nokunsundu. Isikhumba sami bese sishintsha ukuze sibonakale njengamaqabunga emibala eyehlukene ekwindla," kuchaza unwabu.

Isikhova sasingakaze sisibone isilwane esinesikhumba esishintsha umbala! Salalela ngokucophelela njengoba unwabu luchaza nje.

"Ubusika elimpopo bomile ngakho amahlathi aba mpunga. Ungaqagela ukuthi ngishintsha ngibe mbala muni ebusika? Yebo, kunjalo – umbala ompunga ngifane nawo amahlathi! Entwasahlobo, izitshalo zikhahlela izimbali ezimibalabala. Isikhumba sami singashintsha sifane nayo yonke leyo mibala," kusho unwabu. "Nginesikhathi esiningi mina, ngakho-ke ngingaba umngani wakho. Angihambi amabanga amade kakhulu ngakho uzohlale ungithola kalula."

Isikhova sakhululeka kakhulu ukuthola umngani ongasisiza ukuba sifunde ngeLimpopo. Kusukela ngalolo suku, isikhova nonwabu baba abangani abakhulu, futhi isikhova sasivame ukuvakashela unwabu.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Can you help Neo decide which one of these South African flags is the correct one?

Ungakwazi ukusiza uNeo anqume ukuthi yiliphi kula mafulegi aseNingizimu Afrika okuyilona?



2.

Gogo wants to enter a competition in the local newspaper because the prize is a trip to any country in Africa – and she loves travelling to new places!

To enter, Gogo has to match the flags to the names of these Southern African countries: Botswana, Mozambique, Namibia, Zimbabwe. Can you help her?

UGogo ufuna ukungenela umncintiswano ephephandabeni lendawo ngoba umklomelo wuhambo lokuya kunoma yiliphi izwe e-Afrika – kanti uyazifela ngokuya ezindaweni ezintsha!

Ukuze angenele, uGogo kumele aqondanise amafulegi namagama ala mazwe aseNingizimu ne-Afrika: iBotswana, iMozambique, iNamibia, iZimbabwe. Ungasiza na?



a: _____



b: _____



c: _____



d: _____



We will be taking a break until the week of 4 October 2019. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zizi-4 kuMfumfu kowezi-2019. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!

3.

If you had to create a flag for yourself, what would it have on it and why? What colours would you use?



Complete the lists below and then share them with a friend, explaining why you have chosen the things on your lists. Then use your lists to draw your flag on a sheet of paper!

Things on my flag

Colours of my flag



Ukuba bekuthiwa kumele uzakhele ifulegi ngokwakho, belizokuba nani kulo futhi kungani? Yimiphi imibala obuzoyisebenzisa?

Gedela izinhlu ezingezansi bese wabelana ngazo nomngani, uchaze ukuthi kungani ukhethe izinto ezisezinhlini zakho. Emva kwalokho sebenzisa izinhlu zakho ukudweba ifulegi lakho esiqeshini sephepha!

Izinto efulegini lami

Imibala yefulegi lami

Answers: 1. d 2. (a) Zimbabwe, (b) Mozambique, (c) Botswana, (d) Namibia
Izimpendulo: 1. d 2. (a) iZimbabwe, (b) iMozambique, (c) iBotswana, (d) iNamibia

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

